1. ISETHULO

I-Tumelo Colliery iyimayini ekhona, esebenzayo ekuMasipala Wesifunda, eMpumalanga. IMayini ineLungelo Lokumba eligunyaziwe (MP30/5/1/2/2/10115MR) nombiko Wohlelo Lokuphathwa Kwezemvelo (EMPr) ngokwemigomo yoMthetho Wokuthuthukiswa Kwezimbiwa Nowoyela, uMthetho 28 ka-2002 (MPRDA).

I-EMPr egunyaziwe yadingida ukumba ngaphansi komhlaba (bord-and-pillar) kwezindawo ezihlobene ne-#2 Seam. Lapho kuhlaziywa indawo ngokwengeziwe, i-Tumelo Coal Mines (Pty) Ltd ("Tumelo") manje ifisa ukuchibiyela uhlelo lwemayini ukuze lubandakanye i- partial pillar extraction ye-#2 Seam (i-stooping).
Lokhu kwenza kube noshintsho ku-EMPr egunyaziwe noHlelo Lomsebenzi Wemayini futhi ngalokho i-Tumelo kumelwe ithole imvume kaNgqongqoshe ngokwemigomo yeSigaba 102 yoMthetho Wokuthuthukiswa Kwezimbiwa Nowoyela, uMthetho No. 28 ka-2002 (MPRDA) ngaphambi kokwenza ushintsho.

Ayikho enye ingqalasizinda ehlobene noshintsho oluhlongozwayo lwephrojekthi; futhi ngalokho ayikho Kuzosetshenziswa Imisebenzi Esohlwini emisha ngokwemigomo yoMthetho Wokuphathwa Kwezemvelo, uMthetho No. 107 ka-1998 (NEMA); Imithetho Yokuhlaziywa Komthelela Kwezemvelo (EIA), 2014 (njengoba ichibiyelwe); kanye/noma Ukuphathwa Kwezemvelo Zesisizwe: uMthetho Wemfucuzo, uMthetho No 59 ka-2008 (NEMWA).

Kodwa-ke, njengoba i-partial pillar extraction ye-#2 Seam izobangela ushintsho eBukhulwini mhlawumbe nasesimweni semithelela kwezemvelo, i-EMPr kuzodingeka ichibiyelwe ngokoMthetho 31 weMithetho ye-EIA, 2014 (njengoba ichibiyelwe). Ngakho-ke Inqubo Yesichibiyelo yeNgxenye 2 iyafaneleka kule phrojekthi..

Inqubo Yesichibiyelo izogxila emitheleleni ehlobene ne-pillar extraction, kanti imithelela ye-#2 Seam izosazisa ngemibandela yasekuqaleni yesayithi nesimo esikhulayo seminye yemithelela engenzeka.

Kuzokwenziwa isicelo futhi ngokwemigomo yoMthetho Wamanzi Esizwe, uMthetho 36 ka-1998 (NWA) sokuba kubuyekezwe futhi kushicilelwe iLayisensi yamanje Yokusetshenziswa Kwamanzi Ehlangene (IWUL).

2. ISIFUSHANISO SEZIMFUNO ZOMTHETHO

Ukuze yenze izinguquko zephrojekthi ezihlongozwayo, i-Tumelo kudingeka ifake isicelo sesigunyazo ngokwemigomo yomthetho elandelayo :

- Isichibiyelo soHlelo Lwemisebenzi Yemayini ne-EMPr ngokwemigomo yeSigaba 102 ye-MPRDA;
- Part 2 Isichibiyelo Sesigunyazo Sezemvelo Ingxenye 2 ngokomgomo woMthetho 31 weMithetho ye-NEMA EIA, 2014 (njengoba ichibiyelwe); kanye
- Isicelo sokubuyekeza Nokuchibiyela Ilayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi ngokwemigomo yeZigaba 41 no-52 ye-NWA.

3. INJONGO YALE DOKHUMENTI

I-Cabanga Environmental iye yakhethwa njengoMphathi Wezemvelo Ozimele (EAP) ukuba yenze Isichibiyelo Sohlelo Lokuphathwa Kwezemvelo (EMPr) ngokwemigomo Yephrojekthi ehlongozwayo.

Abemukeli bale dokhumenti baye bahlonzwa njengabangaba Abantu Abanesithakazelo Nabathintekile (I&AP). Le dokhumenti (Idokhumenti Yolwazi noma i-"BID") iye yahlangiswa ukuba ihlinzeke ama-I&APs ngolwazi mayelana nezinguquko zephrojekthi ezihlongozwayo nezinqubo zezicelo zezemvelo.

Ngaloku uMfundi uyamenywa ukuba abambe iqhaza mahala enqubweni Yokuchibiyela futhi athumele kithina noma yimiphi imibuzo noma ulwazi anomuzwa wokuthi lungase lube neqhaza kule nqubo. Konke ukuphawula okutholakele futhi kuzorekhodwa futhi kudingidwe njengengxenye yenqubo Yokuchibiyela ye-EMPr ne-IWUL.

Sicela ugcwalise iphephembuzo elifakiwe bese ulibuyisela kithi ngeFeksi: (011) 794-6946 noma

info@cabangaenvironmental.co.za ukuze ubhalise njenge-I&AP.

Noma-ke ungasithinta ku (011) 794-7534.

4. INCAZELO YEPHROJEKTHI

I-Tumelo Colliery iyimayini ekhona, esebenzayo esePulazini i-Boschmanskop 154 IS, elingaba amakhilomitha angu-5.5 eningizimu yeningizimu-mpumalanga yedolobha lase-Pullenshope namakhilomtha angu-15 enyakatho ntshonalanga yedolobha lase-Hendrina. Isayithi ikuMasipala Wendawo wase-Steve Tshwete kuMasipala Wesifunda sase-Nkangala, eSifundazweni saseMpumalanga eNingizimu Afrika (iPulani 1).

Ukumba eNo. 2 Seam njengamanje kwenziwa ngezindlela zangaphansi komhlaba ze-board-and-pillar, kusetshenziswa ama-continuous miner. Endleleni ytokumba ye-bord-and-pillar, ukumba kwenziwa ngokwakhiwa kochungechunge lwemigwaqo (ama-bord) endaweni enamalahle bese ixhunywa ngokuhlukanisa (ukusika) ukuze kwakhiwe izinsika. Lezi zinsika zishiywa ngemuva njengengxenye yesistimu yokuqala yokusekela uphahla.

Amalahle abe esethuthelwa ngaphezulu ngaphambi kokuba ahlakazwe futhi ahlungwe esayithini, ukususka lapha amalahle athuthwa ngamaloli ayiswe ezimakethe.

Njengoba amalahle asele ezophela ngoDisemba 2021, i-Tumelo ifisa ukuchibiyela uhlelo lwayo lokumba ukuze ibandakanye i-partial pillar extraction (okwaziwa nangokuthi i-stooping) ukuze yelule isikhathi esisele semayini (iPulani 2).

Ingqalasizinda ekhona izoqhubeka isetshenziswa, futhi azikho izinguquko ezilindelwe kungqalasizinda yangaphezu komhlaba (iPulani 3).

Njengamanje kunabantu abayikhulu namashumi amabili nanhlanu (125) abaqashwe e-Tumelo Colliery. Izinguquko zephrojekthi ezihlongozwayo ngeke zibe neqhaza ekudalekeni kwemisebenzi kodwa zizogxila ekugcinweni kwemisebenzi ngokwelula isikhathi esisele semayini.

Ilungelo Lokumba: MP30/5/1/2/2/10115 MR

Izimbiwa: Amalahle

Indlela Yokumba: Indlela ye-bord-and-pillar ngaphansi komhlaba, ezoba ne-partial pillar extraction lapho sekuqediwe.

Ukujula Kwezimbiwa: Isilinganiso sokujula kwe-2 Seam silinganiselwa kumamitha angu-50 ukushona phansi kusuka phezu komhlaba.

Isilinganiso Somkhiqizo: Amathani e-RoM angu-35 000 kuya ku-44,000 / ngenyanga.

Imakethe Yomkhiqizo: Kuleli (Eskom) nangaphandle.

Isikhathi Semayini (LoM): Iminyaka emine (4) (kubandakanya ne-pillar extraction).

Ama-Co-ordinate Esayithi: 26° 4'16.29"S; 29°37'7.96"E

Izindawo Ezithintekile: Ingxenye 10 (RE), Ingxenye 6, Ingxenye 21 (Ingxenye Yengxenye 6), Portion 14 (RE), Ingxenye 23 (Ingxenye Yengxenye 14), Nengxenye 26 (Ingxenye Yengxenye 14) yePulazi i-Boschmanskop 154 IS.

5. IZICELO ZESICHIBIYELO

I-Tumelo ineLungelo Lokumba ne-EMPr ngokwemigomo ye-MPRDA (MP30/5/1/2/2/10115MR), eyakhishwa ngoDisemba 2006.

I-MPRDA neMithetho yayo iwumthetho oseqhulwini ophethe ukutholakala kwamalungelo okucwaningo, ukukhipha nokusebenza ngezimbiwa eNingizimu Afrika. I-MPRDA ibambelele ekutheni lezo zimbiwa eNingizimu Afrika ezesizwe nokuthi uHulumeni uwumphathiswa wazo.

ISigaba 102 se-MPRDA sithi uMphathi Welungelo akakwazi ukushintsha imisebenzi yakhe egunyaziwe ngaphandle kwemvume kaNgqongqoshe Wezimbiwa. I-Tumelo kumelwe lifake isicelo semvume yokuchibiyela uHlelo Lwemisebenzi Yokumba ne-EMPr njengoba kudingidwa lapha.

Ngomhla ka-2 Septhemba 2014 i-NEMA yaba umthetho wezemvelo owengamele futhi Isistimu Eyodwa Yezemvelo yaqala ukusebenza.

ISigaba 12 (4) soMthetho Wokuchibiyela i-NEMA, uMthetho 62 ka-2008, uthi i-EMPr egunyaziwe ngokwemigomo ye-MPRDA, ngaphambi kokuba Isistimu Eyodwa Yezemvelo iqale ukusebenza, ibhekwa njengegunyaziwe ngokwemigomo ye-NEMA.

Ngalokho, i-Tumelo ibhekwa njengeneSigunyazo Sezemvelo esisebenzayo semisebenzi yayo yokumba.

Lapho Isigunyazo Sezemvelo sikhishwe khona uMfaki-Sicelo angase afake isicelo sokuba sichibiyelwe. Uma isichibiyelo sibhekwa njengesizwakalayo, kodwa singekho eMsebenzini Osohlwini noma Ogaguliwe, inqubo yeSichibiyelo Ingxenye 2 kumelwe ilandelwe.

Inqubo Yesichibiyelo Ingxenye 2 idinga ukuba kuhlanganiswe umbiko futhi uthunyelwe eGunyeni Elifanelekayo uveze: -

- Isihlaziyo sayo yonke imithelela ephathelene nezinguquko ezihlongozwayo (EIA);

- Ubuhle nobubi obuhlobene nezinguquko ezihlongozwayo;
- Izinyathelo eziqinisekisa ukugwenywa, ukuphathwa nokuncishiswa kwemithelela ehlobene naleyo nguquko ehlongozwayo; kanye
- nanoma yiziphi izinguquko ku-EMPr;

okuwumbiko ofakwe enqubweni yokubandakanywa komphakathi futhi oveza ukufakwa kokuphawula okutholakele.

Igunya Elifanelekayo uMnyango Wezimbiwa (DMR).

6. INJONGO YENQUBO YE-EIA/EMP

Bonke abantu baseNingizimu Afrika baneLungelo Lomthetho-sisekelo kweZemvelo ezingayilimazi impilo noma inhlalakahle yethu futhi kuvikelwe ezemvelo ukuze kuzuze izizukulwane zamanje nezesikhathi esizayo.

Inqubo ye-EIA iyimfuno engokomthetho ngokwemigomo ye-NEMA, ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukungcoliswa nokoniwa kwempilo yezemvelo okungase kubangwe isihlongozo sokuthuthukisa kuyahlaziywa futhi kuqondwe ngaphambi kokuba kuthuthukiswe. Ukuqonda imithelela engenzeka kwenza abathuthukisi ukuba bathathe izinyathelo ezifanele zokugwema noma zokunciphisa imithelela kwenzemvelo ehlobene nokuthuthukisa okuhlongozwayo. Kulandelwa leyo ndlela ukuze kuqinisekiswe ukusimama kwempilo yezemvelo nokusetshenziswa kwezinsiza zezemvelo, kube kukhuthazwa ukuthuthukiswa kwezomnotho nezenhlalo ezinobulungisa, ngokuhambisana noMthetho-sisekelo.

7. ISICELO SELAYISENSI YOKUSETSHENZISWA KWAMANZI

I-Tumelo yanikezwa iLayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi Ehlangene (IWUL) (INo. Yelayisensi 24090831) nguMnyango Wamanzi Nenhlanzeko (DWS) ngo-1 Okthoba 2010, ngokwemigomo ye-NWA. Yabuye yachibiyelwa mhla ka-4 Septhemba 2017. I-IWUL yakhishelwa inkathi yeminyaka eyishumi (10), ephela mhla-ka 1 Okthoba 2020.

Othole ilayisensi angase, ngaphambi kokufika kosuku lokuphelelwa kwelayisensi yisikhathi, afake isicelo egunyeni eliphethe lokuba kuvuselelwe noma kuchibiyelwe ilayisensi.

Njengoba izinguquko ezihlongozwayo zephrojekthi zingase zibangele ukuba kube nokusetshenziswa okwengeziwe kwamanzi kanye/noma izinguquko kubhalansi yamanzi kuzokwenziwa isicelo Sokuchibiyela i-IWUL. Ngokuvumelana neSigaba 52 se-NWA, ngaphandle kwalapho Isichibiyela se-IWUL singesokuklungisa okuncane, kumelwe sisetshenzwe ngokwezinqubo ezikuSigaba 41 (Isicelo Selayisensi). Izinqubo zesicelo ezisebenzayo ziboniswe ngakolunye uhlangothi.

8. IMITHELELA YEZEMVELO ENGENZEKA NEZIHLAZIYO ZOCHWEPHESHE

Ayikho ingqalasizinda entsha yangaphezu komhlaba ehlobene nezinguquko zephrojekthi ezihlongozwayo, ngalokho kulindeleke ukuba imithelela kube yileyo ehlangene nokugeleza kwamanzi angaphansi komhlaba kanye nokuvoshoka komhlaba ongaphezulu okungenzeka.

Kuye kwahlonzwa Izingcwaningo Zochwepheshe ezilandelayo:

- Amanzi angaphansi komhlaba;
- Amanzi angaphezu komhlaba;
- Izakhi zamanzi aphuzwyao (kuband. Izindawo Zamaxhaphozi) ; kanye
- Isihlaziyo Somthelela Wezinga Lomoya.

9. INQUBO YOKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI

Ukubandakanywa komphakathi kuyingxenye ebalulekile yenqubo ye-EIA. Idingida ilungelo lama-I&APs ukuba aziswe ngokuthuthukiswa okuhlongozwayo futhi abandakanywe ezinqubweni ezingawathinga. Inikeza futhi i-EAP ithuba lokuhlaziya nokudingida izinkinga nokukhathazeka okuvezwa ama-I&APs ngalokho kwenze i-EAP ikwazi ukuhlaziya yonke imithelela yephrojekthi ehlongozwayo.

Njenge-I&AP ebhalisiwe uzogcinwa unolwazi ngenqubo yesicelo seSichibiyelo ne-IWUL, umenyelwe emihlanganweni Yomphakathi futhi uhlole imibiko engakaqedwa ehlanganiswe ngokwemigomo yezicelo ezishiwo ngenhla. Ngaphezu kwalokho, konke ukuphawula okuthunyelwa ama-I&Aps abhalisiwe ngokwemigomo yeSicelo (nma yeZicelo) kuzobandakanywa emibikweni efanele, futhi kudingidwe phakathi nayo yonke inqubo.

INDLELA YOKUBHALISA

Sicela ubhalise njenge-I&AP ukuze uthole ulwazi ngokutholakala kwamadokhumenti kanye nangendawo, usuku nesikhathi semihlangano Yomphakathi.

Bhalisa ngokugcwalisa ifomu elifakiwe bese ulibuyisela e-Cabanga Environmental emininingwaneni yokuxhumana enikeziwe, noma ngokuthumela ukuphawula okubhaliwe nganoma yiluphi uhlobo e-Cabanga Environmental. Sicela uqiniseke ukuthi i-Cabanga Environmental

inemininingwane yokuxhumana edingekayo ukuze ukuxhumana ngalo lonke ulwazi oluphathelene nenqubo yeSichibiyelo se-EMPr kwenzeke ngokuphumelelayo.

Umuntu Othintwayo: Michelle Venter or Jane Barrett

Ucingo: 011 794 7534 Ifeksi: 011 794 6946

info@cabangaenvironmental.co.za

www.cabangaenvironmental.co.za



Figure 1: Isifushaniso Senqubo Yesicelo (Okuluhlaza satshani kubonisa isimo samanje sezicelo ezifanele)



Ipulani 1 Ipulani Yendawo



Ipulani 2 I-pillar extraction ehlongozwayo ngokuphathelene ne-Pulani Yemini ye-2 Seam

Plan 3 Existing Infrastructure Layout

IPHEPHAMBUZO LOKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI: TUMELO COAL MINE: IPHROJEKTHI YE-PARTIAL PILLAR EXTRACTION YE-2 SEAM

Ukuze ubhalise njenge-I&AP, sicela ugcwalise bese ubuyisela e-Cabanga nge-imeyili, ngefeksi noma ngeposi:

info@cabangaenvironmental.co.za; Ifeksi: (011) 794 6946

Postnet Suite 470, P/Bag X3, Northriding, 2162

Noma-le, sicela ubhalise ku- www.cabangaenvironmental.co.za chofoza kokuthi "Ukubandakanywa Komphakathi"

Igama:		**Isibongo:**	
INo Yocingo.:		**INo Yefeksi.:**	
Iposi:			
I-imeyili:			

Ukhetha ukuthintwa kanjani:	☐I-imeyilil ☐Ifeksi ☐Iposi ☐Ucingo ☐I-SMS
Ingabe ungumnikazi noma umsebenzisi womhlaba othinteke ngokuqondile noma oseduze? **Uma kungu-cha, siyini isithakazelo sakho kuphrojekthi?** **Uma kungu-yebo, sicela ubonise ipulazi lakho / igama lendawo kanye nemininingwane ngokusetshenziswa kwamanje komhlaba.**	☐Yebo ☐Cha
Ingabe kukuthinta ngokuqondile ukugunyazwa noma ukwenqatshwa kwale phrojekthi? Uma kungu-yebo, sicela uchaze (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi ehlukile).	☐Yebo ☐Cha
Ingabe unomuzwa wokuthi imisebenzi ehlongozwayo izoba nomthelela kuwe kanye / noma ezimweni zakho zezenhlalo nezomnotho? Kanjani? (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi).	☐Yebo ☐Cha
Ingabe uyazi ngemithelela eyengeziwe engakahlonzwa? (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi).	
Ingabe uyazi ngezindawo ezizwelayo okufanele zigwenywe (i.e. amathuna, amasayithi endabuko, izitshalo nezilwane okusengozini, izici noma izindawo zezemvelo ezikhethekile njll.) (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi ahlukile)	
Ingabe zikhona izinyathelo ezihlukile zokunciphisa imithelela ozihlongozayo? (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi ahlukile).	

Ingabe wazi abanye abantu, izinhlangano noma amaqembu okufanele aziswe? **Sicela usinike imininingwane yokuxhumana.**	☐Yebo ☐Cha
Ingabe unakho ukuphawula okwengeziwe, ukukhathazeka noma imibuzo? (zizwe ukhululekile ukufaka amakhasi).	